**ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI**

**Inkulumo yeSabelomali eyethulwe uMnuz. Francois Rodgers (MPL) uNgqongqoshe wezeziMali**
**Ekwethulweni kweSabelomali seVoti lesiThupha kwisiShayamthetho ngomhla ka 25 kuMbasa 2025**

Somlomo Ohloniphekile, Nksz. Nontembeko Boyce;

Mhlonishwa Phini likaSomlomo, uNksz. Mmabatho Tembe;

Mhlonishwa uNdunankulu, uMnuz. Thami Ntuli;

AmaLungu oMkhandlu oPhethe wesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

AmaLungu aHloniphekile esiShayamthetho sesiFundazwe;

Abamele ezamaNxusa;

USihlalo weNdlu yesiFundazwe saKwaZulu-Natali yabaHoli boMdabu namaKhoi-San,

iNkosi uShinga;

Bonke abaHoli boMdabu abakhona;

UMqondisi Jikelele, uDkt. Nonhlanhla Mkhize;

INhloko yoMnyango, uNkk. Carol Coetzee;

Zonke iziNhloko zemiNyango kanye nabaPhathi abaPhezulu:

Ama-CEO eziKhungo zikaHulumeni;

ABantu baKwaZulu-Natali;

AmaLungu abeziNdaba;

AbaHoli bamaBhizinisi;

IziVakashi eziHloniphekile;

## Isingeniso

Somlomo, iDemocratic Alliance iyaqhubeka nokudlala indima yayo kuHulumeni woBumbano lweziFundazwe, ikakhulukazi ekwakheni umbuso onekhono nokuziphatha kahle. Asiguquki kumcabango wethu wokuthi lona nguHulumeni owakhayo hhayi obhidlizayo. Lona nguhulumeni ozimisele ukubhekana ngqo nobubha nokungalingani, ngokwakha umnotho osimeme ozoholela ekudaleni amathuba emisebenzi.

Ukusetshenziswa kwemali okungenasidingo kumele kube umkhuba odlule, irandi ngalinye lidinga ukusetshenziselwa ukufeza izinhloso zethu. Ethimbeni likaMgcinimafawa waseKZN, sikhombisile ukuthi kungahlinzekwa izidingo kwenziwe nemisebenzi ngokuphelele sibe sinciphisa ukuba nezinto ezinhle kepha esingaphila ngaphandle kwazo, uma sibheka izinselelo zethu kwezezimali. UMnyango woMgcinimafa uwodwa wonge imali ecela ku-R20

million kusukela ngoNhlangulana nyakenye. Le mali sizoyisebenzisa ukwenza imisebenzi ehlonzwe njengeseqhulwini.

UMgcinimafa eKZN usuqambe isiqubulo esithi “sikukhuthaza futhi senze kube nozinzo kwezezimali”.

UMgcinimafa wesiFundazwe ubambe iqhaza elibalulekile ezimalini zesifundazwe futhi wenze uHlelo olunqala lokuVuselela ezeziMali esiFundazweni ukuze kubhekwane nezinselelo isifundazwe esibhekene nazo. Ngokubheka ubungakho bazo, sicabanga ukuthi sizoqala ukubona ushintsho olukhulu eminyakeni emibili kuya kwemithathu, kodwa lokhu kuzodinga ubuholi obukwaziyo ukuthatha izinqumo ezingathandabuzi. Kuyangijabulisa ukuthi uMhlonishwa uNdunankulu uzibophezele ekuqhubeni lolu hlelo njengoMholi wezoMbusazwe walolu hlelo. Izikhulu zoMnyango woMgcinimafa zizobe zihola lawa mathimba ehlukene alandelayo okuhlela umsebenzi abandakanya abamele iminyango ehlukene:

- ElokuNgenelela ngokoMnyango noHlelo lokuBuyisela ezeziMali (uMnyango wezeMpilo, ezeMfundo, ezokuThuthukiswa koMphakathi, nowezokuThutha, iThala kanye nomasipala abasebunzimeni)
- Ukukhuphula iNgenisomali
- UkuNcishiswa kweziNdleko noKwenza kaNgcono imiSebenzi
- UkuPhathwa kahle kwezeziMali, neziMali
- ULwazi lwezobuChwepheshe
- EzokuXhumana kanye nemiYalezo

Enkulumeni yesabelomali eyedlule, izibopho ezehlukene zenziwe, futhi ngizobe ngethula inqubekelaphambili yalokho kanye bese ngiqhakambisa izindawo ezintsha okugxilwe kuzo ngo-2025/26 ngaphansi kohlelo ngalunye.

## 1. OSEKWENZEKILE KANYE NEZIBOPHEZELO ZOKUHLINZEKWA KWEZIDINGO NGO-2025/26 OHLELWENI NGALUNYE

**Somlomo,** ngivumele manje ukuthi ngibhekane ngqo nezibopho zoMgcinimafa wesiFundazwe ngo-2025/26 ngokwezinjongo zethu zokuhlinzeka izidingo kanye nokufakwa kwemali ohlelweni ngalunye lukaMgcinimafa wesiFundazwe onyakeni ozayo.

Iminingwane egcwele equkethwe ngaphansi kwaVoti 6 we-Estimates of Provincial Revenue and Expenditure (EPRE) nasoHlelweni lweSu yemiNyaka emihlanu oluphela ngo-2030 kanye NoHlelo lokuSebenza loNyaka lomnyango.

Kuyasithokozisa ukumemezela ukuthi imiphumela yethu yokuqala yokuphela konyaka ikhomba ukuthi sesisebenzise u-96.3% wesabelomali sethu ekupheleni konyaka wezimali ngo-2024/25 futhi sazuza u-95% wazo zonke izinhloso ebesizibekile ngenkathi ezinye izinkomba ezengezekile eziyi-11 zafezwa ngenxa yokwanda kwesidingo semisebenzi. Lezi zinzuzo zenzeke phakathi nonyaka lapho isabelomali somnyango sincishiswe ngo-R25,320 million nokwaholela ekumisweni kokugcwaliswa kwezikhala zomsebenzi ezingu-36 ngenxa yokungakwazi ukuzikhokhela. UMnyango wonge imali engaphezu kuka-R6million ngenxa yokulandela imiyalelo yokunciphisa izindleko kanye nezinye izinqumo ezivela ehhovisi lami – asigcini nje ngokukhuluma kodwa sihamba siyakwenza esikushoyo! Umnyango uphinde wonga imali ngenxa yezikhala ezibangelwe ukwesula emsebenzini kwabasebenzi ababalelwa kuma ±34 phakathi nonyaka kanye nezikhala ezengeziwe ezakhiwe ohlakeni olubuyekeziwe lwezoCwaningomabhuku lwangaPhakathi, kodwa sekube nenqubekela phambili enhle ekugcwaliseni izikhala ezingaphezu kuma-79 phakathi nonyaka. Ngokulindela lokhu konga kanye nokuqonda isidingo sokuhlinzekela uhlelo lokubuyiswa kwezimali zesifundazwe, simise ukusebenzisa u-R22million ukuze usetshenziswe kulesi siding esibalulekile.

Isabelomali somnyango sesisonke ngo-2025/26 senyuka unyaka nonyaka ngo-R29,289 million uma kuqhathaniswa nesabelo esikhulu sika-2024/25, sisengaphansi kokwenyuka kwamandla emali futhi sisaqhubeka nokuba nengcindezi yokusetshenziswa kwezimali okubangelwa wuhlelo lukazwelonke lokubuyekezwa kwezimali ngokuncishiswa kwezindleko, okuholele ekuncishisweni kwesabelomali ngo-R24,989 million ngo-2025/26, saba ngu-R710 million kuVoti 6 engiyethula namuhla.

### 1.1. INGENISOMALI

UMgcinimafa wesiFundazwe ubambe iqhaza elikhulu kwingenisomali lesifundazwe futhi uhlele ukuqoqa u-R341million ngo-2025/26 ikakhulukazi otholakala ekutshalweni kwezimali zesifundazwe ukuze zithole inzalo enkulu. Le mali yehlile uma kuqhathaniswa neminyaka eyedlule njengoba ukutholakala kwemali kanye nezinga lenzalo lehlile esifundazweni.

## 1.2. UKUSETSHENZISWA KWEMALI NGOKOHLELO NGALUNYE

UMgcinimafa wesiFundazwe (PT) uthola isabelomali esilinganiselwa ku-R710,910 million ngonyakamali ka-2025/26. Isimo sokuhlanganiswa kwezimali siholele ekutheni kuncishiswe isabelomali sethu ngo-R27,549 million, okuwumnikelo woMgcinimafa wesiFundazwe ekwehlisweni kwesabelomali okwenziwe nguMgcinimafa kaZwelonke ngenkathi kwabiwa u-R2,560 million ngenxa yokubuyiselwa kwemali yezindleko zamabhange ephinde yafakwa ohlelweni lokusebenza le-biometric esifundazweni.

Njengoba kushiwo ngaphambili sino-R22 million omisiwe ukusebenza kusukela ngo-2024/25 ezofakwa ohlelweni lokubuyiswa kwezimali zesifundazwe.

Somlomo ohloniphekile, ithebula elingezansi likhombisa ukwabiwa kwesabelomali sonyaka wezimali wezi-2025/26. Ngokuyinhloko isabelomali sisonke silinganiselwa ku-R710 million. Leli thebula libonisa isabelomali sohlelo ngalunye kanje:

| Namba | Uhlelo | Umsebenzi | Imali elihlinzekiwe |
|---|---|---|---|
| **1.** | Uhlelo 1 | EzokuPhatha | R228, 693 million |
| **2.** | Uhlelo 2 | EzokuPhathwa kwezeziMali Ngendlela | R53,270 million |
| **3.** | Uhlelo 3 | EzokuPhathwa kweziMali | R241,176 million |
| **4.** | Uhlelo 4 | EzoCwaningomabhuku lwangaPhakathi | R112,715 million |
| **5.** | Uhlelo 5 | EzokuPhathwa kweziMali koMasipala | R74,336 million |
| | **ISABELOMALI SONKE** | | **R710,190 million** |

**UHLELO 1: ISABELOMALI SEZOKUPHATHA SINGU-R228,693 MILLION**

Lolu hlelo lubhekele imisebenzi yokuphatha kanye nemisebenzi ebalulekile yomnyango futhi luhlanganisa yonke imisebenzi yokuphatha kanye nemisebenzi yoMgcinimafa wesiFundazwe. Isabelomali salolu hlelo senyuke ngo-3%.

**EzokuQapha nokuHlola**

Umnyango uphothule ucwaningo ngomthelela wokweseka kwawo omasipala mayelana ukwenza imibiko yonyaka yezezimali zonyaka ngo Lwezi ka-2024. Okutholwe kulolu cwaningo kunikeze imininingwane ebalulekile ecutshungulwa ukuze kuthathwe isinqumo sokuqinisa usizo kuhulumeni wasekhaya. Olunye ucwaningo lokuhlola olwenziwayo njengamanje esigabeni sikahulumeni wasekhaya, lugxile ekuhloleni ukusebenza kosizo lokulawulwa kwengcuphe olunikezwa yilo mnyango. Izinhloso zalolu cwaningo ukuthola ukuthi lokhu kulekelela okuhlinzekwa nguMgcinimafa wesiFundazwe kusiza kangakanani futhi yikuphi lapho okusading kuqiniswe ngakhona.

**Inqubekelaphambili ekugcwaliseni izikhala ezingenamuntu**

Esinye sezizathu ezibalulekile zokusebenzisa imali kancane emnyangweni kube yizinga eliphezulu lezikhala emnyangweni ngenxa yezikhala ezintsha ezidalwe wukubuyekezwa kwesakhiwo ngo-2020 nango-2023. UMnyango uphothule ukugcwalisa izikhala ezingama-65 kweziyi-103 ebezihlinzekiwe ngemali, kwathi abasebenzi abangu-58 bamukela izithembiso futhi baqala ukusebenza ngo-2024/25.

**Isu le-ICT Digital Transformation**

Umnyango uyaqhubeka nokuguqula izinhlelo zawo zezobuchwepheshe njengoba usuthuthele ngempumelelo ku-Microsoft kuCloud. Lolu shintsho luye lwaqinisa futhi lwenza ukuthi izinsiza zitholakale noma usebenzela ngaphandle kwamahhovisi omnyango. Ngaphezu kwalokho, kugcizelelwe kakhulu ukuqeqeshwa kwabasebenzi kule ndima yezobuchwepheshe. Ukwakhiwa kanye nokusetshenziswa kwengosi ye-eLearning kuzosiza ekufundiseni nasekuqeqesheni abasebenzi. Ingosi isingethwe kuplathifomu ye-Cloud ye-SITA ukuze kufinyeleleka kuyo kangcono. Umnyango uthenge ithuluzi le-Artificial Intelligence ngenhloso yokuqeqesha nokusebenzisa leli thuluzi ukuze abasebenzi bakwazi ukuba nobuchule kule ndawo. Okokugcina, umnyango uphothula ukwakhiwa kwe-chatbot yesizindalwazi sawo. Inhloso ye-chatbot ukusiza izivakashi ekusebenziseni iwebhusayithi.

**Imikhankaso yolulwisana nodlame lwezobulili kanye nokubulawa kwamalunga emindeni**

Nakuba umnyango ungenalo iqhaza eliqondile ongalibamba emphakathini, sizimisele futhi sizibophezele ukufaka isandla ngokufukula abasebenzi bethu, bona abazoyisa lolu lwazi emiphakathini yabo. Mayelana nalokhu sibe nezinhlelo eziyishumi (10) zokucobelelana ngolwazi nabasebenzi kuliwa nesihlava sodlame lwezobulili phakathi nonyaka.

**KuGxilwe kuphi ngo-2025/26**

Okuseqhulwini njengoba kuvezwe ekuphawuleni kwami kokuqala mayelana neqhaza elizodlalwa nguMgcinimafa oHlelweni lokuBuyiselwa kweziMali lwesiFundazwe, kuzodingeka ukuthi luqhube, ludidiyele futhi lubike ngenqubekelaphambili, izinselelo kanye nokungenelela ukuze kuqinisekiswe ukuthi isifundazwe asikwazi nje kuphela ukuzinza ngokwezimali kodwa nokuqinisekisa ukungena kwemali ukuze isize kulungiswe umonakalo odalwe yizinguquko zesimo sezulu kanye nenomonakalo kwingqalasizinda kahulumeni.

Kuyacaca ukuthi angeke sikwazi ukuzitholela uzinzo ngokwezezimali sisodwa, yingakho bonke ababambiqhaza ababalulekile kulo msebenzi sebemenyiwe, kubalwa nokuxoxisana nabamele abasebenzi ukuze kutholwe imibono yabo mayelana noHlelo lwesiFundazwe lokuBuyisela iziMali.

Ukuxhumana kuyingxenye ebalulekile ekuqhutshweni kwalolu hlelo, yingakho sekwenziwe uhlelo lokuxoxisana njalo nababambiqhaza ngokwenzekayo.

Ihhovisi le-CFO lizoqhubeka nokuqapha ukuthotshelwa kwemithetho yezezimali esebenzayo emikhakheni yokuphathwa kwe-supply chain, ukulawulwa kokusetshenziswa kwezimali, isabelomali kanye nokubika, intela, ukuphathwa kwengenisomali, ukuphathwa kwempahla kanye nokulawulwa kokulahlekelwa ukuze kugcinwe irekhodi lokucwaningwa kwamabhuku elihlanzekile leminyaka eyi-16. Lolu phiko luzophinde lubheke kakhulu kwezokuthengwa kwempahla nasekusayineni izinkontileka ukuze kuzuzwe kangcono ngesabelomali sethu.

**UHLELO 2: ISABELOMALI SEZOKUPHATHWA KWEZEZIMALI NGENDLELA SINGU-R53,270.**

Lolu hlelo lwenyuke ngo-4,4% kwisabelomali ngo-2025/26.

Uhlelo 2 luqhubekile nokweseka iminyango emizamweni yayo yokugcwalisa izikhala ezibucayi ezihlinzekeliwe ngemali. Ngokuhambisana nomyalelo wokulawulwa kwezindleko, sihlole zonke izicelo zokugcwaliswa kwezikhala zezikhala futhi saqinisekisa ukuthi iminyango iyasekelwa mayelana nalokhu. Sikwazile ukugcina isibophezelo sethu sokuphendula ngamahora angu-48 kuzo zonke izicelo ezithunyelwe kithina.

Isifundazwe bekumele sisebenzise ngokweqile isabelomali saso ekupheleni konyaka wezimali njengoba ukulahlekelwa obekulindeleke kuyehla unyaka wonke ngenxa yokungenelela okuhlukene okwethulwe. Sibe nokuxoxisana okuhlukene nale minyango ukuyisiza ukuthi iguqule ezezimali futhi sisazimisele ukusebenzisana nayo yonke iminyango ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe sihlala sizinzile ngokwezimali.

Ukuqoqwa kwengenisomali yesifundazwe kubukeka kungekuhle, kukhombisa ukuqoqwa kwemali okungaphansi ngo-R33 million njengoba sizabalaze kanzima ukufinyelela kwisilinganiso esibekelwe sona sengenisomali imali eqoqwa ngokwelashwa kweziguli kanye nokubona ukuncipha kwenzalo etholwa ku-akhawunti yethu yasebhange.

IThimba lokweSeka ezeNgqalasizinda liqede ngempumelelo imisebenzi yalo lapho belisiza omasipala abayisishiyagalombili ngamarejista abo empahla engagudluki. Lokhu kuzosiza labo masipala ukuthi baphathe impahla yabo kangcono kanye nokugwema imiphumela engemihle etholwe nguMcwaningimabhuku-Jikelele.

Njengoba ngishilo enkulumweni yami ngonyaka odlule, silekelele uMnyango wezeMpilo ukuthi ungene esivumelwaneni esisha se-PPP nesibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital. UNgqongqoshe wezeMpilo angase anikeze eminye imininingwane enkulumweni yakhe mayelana nalokhu, ngaphandle kokuthi umnyango unikeze ngempumelelo inkontileka entsha ye-PPP futhi siyajabula ukuthi isifundazwe sizoqhubeka nokuhlinzeka ngezinsizakalo ezinhle kakhulu esaziwa ngazo lesi sikhungo.

Sesisethule isabelomali sesifundazwe kule Ndlu mhla zingama-25 kuNdasa, umsebenzi wethu omkhulu manje wukuqinisekisa ukuthi izimali ezabiwe zisetshenziswa ekuhlinzekweni kwezidingo kanye nokuthi isifundazwe asisebenzisi imali ngokweqile kwisabelomali saso. Kulokhu, sizoqhubeka nokuqapha ngeso lokhozi ukuthi iminyango izisebenzisa kanjani izabelomali zayo. Sizokwazisa kusenesikhathi uMkhandlu oPhethe isiFundazwe ngesimo sezezimali zesifundazwe. Sizoqhubeka nokuhlinzeka ngemibiko yethu ephelele eKomidini lezeziMali esiShayamthetho ukuze siqinisekise ukuthi ikomidi lihlome ngokuphelele ukuze lidlale indima yalo yokuqapha ukusetshenziswa kwezimali zalesi sifundazwe.

UPhiko lwezokuHlaziywa kwezoMnotho luphothule Umsebenzi walo wokuhlaziya uxhaso lwezikole ezibhekelela abafundi abanezidingo ezikhethekile. Sizoxoxisana nomnyango

wezemfundo mayelana nokutholwe kulolu cwaningo njengoba sikholwa wukuthi izincomo eziqukethwe kulowo mbiko zizobasiza kakhulu laba bafundi. Ucwaningo olumayelana nokuthuthwa kwabafundi luhlonze ukungasebenzi kahle lohlelo kanye nezincomo zokuchitshiyelwa kwenqubomgomo okufanele kusize ezinkingeni ezikhona zokusebenzisa imali uma kwenziwa ngendlela efanele.

Sekuphothuliwe ukubhalwa koMthethosivivinywa weNtela yemiDlalo nokuBheja e-KZN. Lolu hlelo luthathe isikhathi eside kunalokho obekulindelwe ngenxa yamazinga ahlukene okuxoxisana obekudingeka ukuthi kwenziwe. Ngonyakamali wango-2025/26, uMthethosivivinywa uzokwethulwa kwiNdlu yesiShayamthetho ukuze kulandelwe inqubo yomthetho edingekayo. Silindele ukuthi lo Mthethosivivinywa uzongenisa imali eyengeziwe futhi ubhekane nezinguquko kulo mkhakha.

**KuGxilwe kuphi ngo-2025/26**

Isimo sezimali sisaqhubeka nokuba sibi kakhulu. Izabelo ezengeziwe ezimenyezelwe kwisabelomali sesifundazwe azanele ukuhlangabezana nezidingo ezilokhu zikhula njalo zemisebenzi kahulumeni. Sizobuyekeza uhlelo lwesabelomali lwamanje ukuze siqinisekise ukuthi lufanelekile yini. Umhlangano wokucobelelana ngolwazi lweMihlahlandlela yeSabelomali sikaMgcinimafa obanjwa minyaka yonke ngoNhlangulana uzoqondisa iminyango ngendlela yokulungisa kabusha isabelomali sayo ngokuhambisana nezinsiza ezikhona.

Onyakeni wezimali ngo-2025/26 sizogxila ekwenzeni ngcono ingenisomali. Sizoxoxisana neminyango eyahlukene engenisela isifundazwe imali ukuze siqinisekise ukuthi siyakhula ngokuqoqwa kwezimali zesifundazwe. Sizophinde sihlonze imithombo emisha yemali engenayo siholwa yimithetho efanele.

Imithethonqubo ye-PPP echitshiyelwe ifakwe kugazethi nguMgcinimafa kaZwelonke futhi sizozama ukunika yonke iminyango kahulumeni wesifundazwe kanye nezinhlaka zikahulumeni mayelana nezidingo zale mithetho ukuze zikwazi ukuhlonza amaphrojekthi e-PPP angenzeka, futhi zihambisane nemithetho. Ngizobamba ingqungquthela ye-PPP ngoNhlaba 2025 ukuze ngikhuthaze ukubamba iqhaza kwabamabhizinisi azimele njengoba sesifinyelele esokhathini lapho kudingeka sikhuthaze ama-PPP ukukhuthaza umsebenzi wokuhlinzekwa kwezidingo nokwakhiwa kwengqalasizinda ehlonzwe njengemisebenzi

eseqhulwini ukuze kukhuliswe umnotho bese kwakhiwa namathuba emisebenzi adingeka kakhulu.

**UHLELO 3: ISABELOMALI SOKUPHATHWA KWEZIMALI SINGU-R241,176 MILLION**

Lolu hlelo lwenyuke ngo-5% kwisabelomali ngo-2025/26.
Ukuhlolwa kokufaneleka kwe-SCM kwenziwa ukuze kuhlolwe izinga lokuthobela imithetho ye-SCM luveze ukungalandelwa kanye nokuphathwa kabi kwezezinkontileka. Izincomo ezihloselwe ukuqinisa isimo sokulawula kwangaphakathi zenziwa kumakhasimende ethu kwaphinde kwalandelelwa ukuze kutholwe izinga lokusetshenziswa kwalezi zincomo ukuqinisekisa ukuthi siyalubona ushintsho.

Njengoba amalungu ezokwazi, abasebenzi bakahulumeni abavunyelwe ukwenza ibhizinisi nohulumeni. Maqondana nalokhu ithimba likaMgcinimafa liyaqhubeka nokweseka iminyango nezinhlaka zikahulumeni ngokuqhubeka nokuqapha izinkampani ezibhaliswe ku-CSD ezingaphansi kwabasebenzi bakahulumeni futhi kufanele libike lezi zikhungo ezikhungweni zesifundazwe ezifanele ukuze kuthathwe izinyathelo ezengeziwe ezilandelwa yithimba lami. Isibalo sokuqala sabasebenzi sehlisiwe sisuka ku-6 439 saya ku-3 519 futhi sincishiswa ngama-50% kusukela mhla lu-1 kuNhlolanja ngo-2025. Kepha kusadingeka ukuthi izikhungo ziqhubeke nalo msebenzi.

Ukwakhiwa kwamakhono ekuphathweni kokuhlinzekwa kwempahla, i-Contract Management, i-Central Suppliers Database kanye namaBid Committees kwanikezwa izikhungo zesifundazwe ezahlukene. Ngaphezu kwalokho, izikhungo zesifundazwe zasekelwa futhi zaqondiswa ngokubuyekezwa kwezinqubomgomo engama-33 zokuPhathwa kokuThengwa kweMpahla okuhlanganisa neziNkambiso ezijwayelekile zokuSebenza okuhloswe ngazo ukuthuthukisa ukuthotshelwa kwemithetho kanye nokudala ukusebenza kahle kwebhizinisi.

Ukusebenza kocwaningomabhuku oluhlanzekile kugxile ekusekelweni kwezimali kanye nokuphathwa kwempahla emiNyangweni nasezikhungweni zikahulumeni. Ukwengeza, kwakhishwa imibono eminingi yezobuchwepheshe eholele ekusingatheni izindaba ezithinta ukubalwa kwezimali kanye nokucwaningwa kwamabhuku. Ukuxoxisana njalo noMcwaningi

Mabhuku Jikelele kuye kwasiza ekuxazululeni imiphumela yocwaningomabhuku enezingxabano egameni lezikhungo zesifundazwe.

Iminyango emihlanu (5) ithole ukucwaningwa kwamabhuku okuhlanzekile, uma kuqhathaniswa nokucwaningwa kwamabhuku okuhlanzekile okuyisikhombisa (7) ngonyaka odlule. Iminyango eyisishiyagalombili (8) ithole imibono yokucwaningwa kwamabhuku engafanelekile uma kuqhathaniswa neyisithupha (6) ngonyaka owandulele kanye nowodwa (1) uMnyango uthole umbono wocwaningomabhuku oneziqu kulo nyaka wamanje nowangaphambili. Izikhungo zikahulumeni eziyishumi nambili (12) zithole ukucwaningwa kwamabhuku okuhlanzekile, uma ziqhathaniswa neziyishumi nanye (11) onyakeni owandulele kanti ezintathu (3) zithole imibono yokucwaningwa kwamabhuku engafanelekile, uma kuqhathaniswa nemihlanu (5) ngonyaka owandulele. Inani lezinkampani zikahulumeni ezithole imiphumela yocwaningomabhuku olufanele lehle lafinyelela kwezimbili (2) uma liqhathaniswa neziqu zemfundo eyodwa (1) onyakeni owandulele.

Ukwesekwa kwabahlinzeki bempahla ukuze kuxazululwe izingxabano zokukhokha kuqhubekile, kanye Nokunyuselwa Kwezindleko Ezingavumelekile okwenziwa izikhungo zesifundazwe. Lolu phiko luphinde lwaqapha ukuhanjiswa kolwazi oluyisibopho, ukuthunyelwa kwanyanga zonke kwama-akhawunti abalulekile kanye nokuqapha ukukhokhelwa kwabahlinzeki bempahla zingakapheli izinsuku ezingu-30. Isimo sesifundazwe sibe sibi kakhulu njengoba senyukile isibalo kanye nenani lerandi labahlinzeki bempahla abangakhokhelwa zingakapheli izinsuku ezingu-30 ngenxa yesabelomali kanye nezinkinga zemali. Izinga lokuthotshelwa kwemithetho enanini lama-invoyisi akhokhwe iMinyango YesiFundazwe saKwaZulu-Natali ezinsukwini ezingu-30 lehle ngo-16.2% laya ku-72.53% kulo nyaka. Kusukela mhla ziyisi-7 kuMasingana 2025, ama-invoyisi esamba esingu-R5,5 million afakiwe ohlelweni kodwa awazange akhishwe ukuze akhokhe (iningi lawo eliwumphumela wokungabi bikho kwemali yokucubungula lezo zinkokhelo). Enye imali engu-R3,4 million yemali enqwabelene kanye nezinto ezikhokhwayo ezingabonwa, okungukuthi ama-invoyisi angafakiwe ohlelweni sekufanele akhokhwe.

Umnyango uyihhovisi lesikhungu seseNingizimu Africa sama Chartered Accountants (SAICA) eligunyaziwe njengamanje elinohlelo lokuqeqeshwa lweminyaka emithathu, lamukela abafundi abathola iziqu abathola isikhwama seThuthuka Education Upliftment

Fund (TEUF), okuzothi uma bephothula bafanelekele ukubhaliswa njengamaChartered Accountants (CAs). Selokhu lwaqalwa lolu hlelo seluhlomule abafundi abangamashumi amabili nesikhombisa (27) esiFundazweni saKwaZulu-Natali, njengoba umnyango uthola okokuqala ngo-2016 futhi ulawula lolu hlelo minyaka yonke. Ngalolu hlelo, umnyango ukhiqize amaCA ayishumi nesishiyagalolunye (19) anabafundi abane (4) abasanda kuphothula ngempumelelo uhlelo lokuhlolwa kwebhodi lokugcina. Njengamanje lolu hlelo lusekela abafundi abasaqeqeshwa abayisishiyagalombili (8) abasezigabeni ezehlukene zenkontileka yokuqeqeshwa yeminyaka emithathu.

**UkweSekwa kweziNhlelo zokuPhathwa kweziMali eziDidiyelwe zesiFundazwe**
ISifundazwe saKwaZulu-Natali singesinye sezifundazwe esiqinisekise ukucutshungulwa kokukhokha kwe-BAS kusetshenziswa i-Biometrics Access Control System (BACS) futhi muva nje sithuthukise i-BACS ukuze iqalise uhlelo oluthuthukisiwe lokuphepha ku-inthanethi ngaleyo ndlela ivikele i-BAS kunoma yiluphi uhlobo lokuhlasela kwe-cyberattack.

Uhlelo lokuqalisa ukusebenza kohlelo lwe-LOGIS kuyo yonke iminyango lusahamba kahle, nokho, luphazanyiswe ukwanda kwenani labasebenzi emnyangweni wami. Ukugcwaliswa kwesikhala esibalulekile esingenamuntu kusesigabeni sokugcina futhi kuzosiza ukuqhubeka nokuqaliswa kwe-LOGIS onyakeni wezimali ozayo. Njengamanje uMnyango Wezempilo, uMgcinimafa weSifundazwe saKwaZulu-Natali, uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya kanye ne-KZN COGTA kuphela abasebenzisa i-LOGIS kodwa abakasisebenzisi ngokugcwele isisombululo. I-LOGIS izodlala indima ebalulekile ekulawuleni izibopho zesabelomali ngokusebenzisa imojula yayo yokuthenga ehlanganiswe ngokugcwele ne-BAS. Lolu hlelo luvumela ukuphathwa okuthuthukisiwe kwe-accruals kanye nokuqapha ukusetshenziswa kwezindleko kuqhathaniswa nesabelomali. Amamojula amabili abalulekile okuphathwa kwezimali koMgcinimafa Kazwelonke (Ukulandelela ama-invoyisi nezifanekiso ze-AFS ze-elekthronikhi zenziwe kusetshenziswa inkundla ye-Logis). Isikhathi sokuthi yonke iminyango iqale ukusebenza ohlelweni izoba cishe izinyanga eziyi-18.

**KuGxilwe kuphi ngo-2025/26**

Umnyango uzoqala umkhankaso wokukhuthaza izikhungo zesifundazwe ukuthi zifake izinkontileka zazo ohlelweni lokuphatha izinkontileka. Lokhu kuzosiza ekwenzeni ngcono

ukuphathwa kwenkontileka ngaleyo ndlela kuncishiswe ukusetshenziswa kwemali okungafanele okuvela ekuphathweni kabi kwenkontileka. Ukwesekwa kuzohlinzekwa komasipala ngokubuyekezwa kokubili kwezilinganiso zamanani kanye nezinqubo zokulawulwa kwamabhidi, futhi kuzonikezwa izincomo zokunciphisa ukusetshenziswa kwemali ngendlela engafanele.

Ngaphezu kwalokho, umnyango uzosebenzisana noMnyango wezeziMali kuZwelonke ukuze usize izikhungo zesifundazwe ngokufaka uHlelo lokuTholakala kwezinto ezibalulekile. Lokhu kuzosiza abaphathi bamaketango wokuhlinzeka ngemisebenzi ukuthi bahlele, baphathe futhi bathuthukise isisekelo sokuhlinzekwa kwempahla kanye nokwenza kuqondwe izigaba zezimpahla nezinsizakalo ekusetshenzisweni kwemali kukahulumeni, ukusetshenziswa kwazo okuhlosiwe kanye nemithombo yokuhlinzeka.

Umhlahlandlela wamasu wokuthola izinto usuthuthukisiwe futhi uzokhishelwa isifundazwe ngenyanga kuNhlaba 2025. Lo mhlahlandlela uzobandakanya ukulinganiswa kwentengo ezimpahleni ezithile ukuze kuqinisekiswe inani lemali yesifundazwe yezinto ezithengwayo.

Izinqubo kanye nokugxila kwamasu alolu hlelo kuzoba sekwenziweni kohlelo lokubuyiswa kwezimali esifundazweni. Kuzogxilwa kakhulu eMnyangweni wezeMfundo, uMnyango wezeMpilo, uMnyango wezokuThutha kanye nowezokuThuthukiswa koMphakathi. Izindawo okugxilwe kuzo kakhulu kuzoba yilezi ezilandelayo:

- Ukubalwa kwabaSebenzi
- Ukwehliswa kwe-accruals
- Ukwehliswa kwezindleko ngendlela engafanele nengagunyaziwe
- Ukuhlaziywa okuphelele kwama-IYM
- Ukuhlaziywa kwezindleko kanye nokuhambisana kwezindleko nomthetho wezinhlelo zikahulumeni ezibalulekile
- Ukwehliswa kwemali esetshenziswa kwingqalasizinda engaxhasiwe yizibonelelo ezinemibandela
- Ukuhlaziywa kwe-inventory yezemithi
- Ukuhlolwa kokusebenza kweziKhungo zezeMpilo zokuNakekela uMphakathi

UMgcinimafa wesiFundazwe ubheke inqwaba yezinhlelo zokuthengwa kwempahla ezisetshenziswa eminye iMinyango kaHulumeni futhi uthole imvume kuMgcinimafa kaZwelonke ukuze kuqaliswe uhlelo olukhona lokuthenga. Lokhu kuhambisana nokuqhuba ukusebenza ngempumelelo kuso sonke isiFundazwe ekuphathweni kokuhlinzekwa kwempahla, ukunciphisa ukungalandelwa kwe-SCM nokuqinisekisa ukubaluleka kwemali.

UMgcinimafa wesiFundazwe unenqwaba yamasethi edatha, okuthi ngobuchwepheshe obufanele boHlaziyo lweDatha, kumele iqondise abenzi bezinqumo ukuze benze izinqumo ezinolwazi olusekelwe olwazini olunembile nolufike ngesikhathi. Sisezinhlelweni zokusungula umthamo kanye nohlelo olufanele futhi okokuqala okulethwayo kube yi-aideshibhodi yokuphathwa kwezimali kanye nezinkomba zokuphatha zomnyango wesifundazwe ngamunye. Lokhu kuzothuthukisa ukwengamela njengoba iziphathimandla zizobheka ngeso lengqondo izici ezibucayi zezezimali zomnyango wazo ukuze zinikeze noma yikuphi ukungenelela noma ukwesekwa okudingekayo. Kulindeleke ukuthi lokhu kuzoqalwa ngoNhlaba 2025.

**UHLELO 4: ISABELOMALI SEZOCWANINGOMABHUKU LWANGANGAPHAKATHI SINGU-R112,715 MILLION**

Lolu hlelo lwenyuke ngo-3,8% kwisabelomali ngo-2025/26.
Izinsiza zokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi zihlinzekwe eminyangweni yezifundazwe eyi-12 ngonyaka wezimali ka-2024/25, ngaphandle koMnyango Wezempilo oqale ngokusungula owawo umsebenzi. UMnyango wezeMfundo nowezokuThutha, nawo wagunyazwa ukuthi uzisungulele imisebenzi yawo kodwa lolu hlelo alukaphothulwa. Uphiko lwenze imisebenzi yocwaningomabhuku encike engcupheni engaphezu kuka-120 kuyo yonke le minyango ukuze luhlole ukusebenza ngempumelelo kokulawula okwenziwa yiminyango kanye nokubuyekeza ukuthotshelwa kwemithetho nezinqubomgomo ezahlukene.

Ukucwaningwa kwamabhuku okuhlukahlukene mayelana nezinkokhelo Zokudluliswa, i-SCM, imininingwane yokusebenza kanye nokudidiyelwa kwamaqembu asengozini kwaphothulwa kanye nokuhlolwa kwe-IT eminyangweni eyahlukene. Uphiko luphinde lwabuyekeza ukuqaliswa koHlaka Lokuphathwa Kwemiphumela Yesifundazwe lwaphinde lwanikeza izincomo zokwenziwa ngcono.

Uphiko lwenyusile ukugxila kwalo ezinqubweni zezezimali ngemuva kokunikwa amandla kwengxenye yocwaningomabhuku lwezimali. Izinqubo ezithile zezimali ezinobungozi obukhulu zihlonzwe eminyangweni ezocwaningwa.

Uphiko lubuyekeze ukufaneleka kwezinhlelo zokuthuthukisa ukucwaningwa kwamabhuku ka-AG lweminyango futhi lwenza ukubuyekezwa kokulandelela ezindabeni ezixazululiwe kumalogi amabhuku ahlanganisiwe. Lokhu kulandelana kuhlanganisa yonke imikhakha yocwaningomabhuku, okuhlanganisa izindawo zokucwaningwa kwamabhuku okuyisipesheli zocwaningomabhuku lwezimali, ukucwaninga ukusebenza kahle kanye nokuhlolwa kwe-IT. Ukuhlolwa kokusebenza okune (4) kwemisebenzi yokubonisana sekuqediwe. Zonke izindaba eziphakanyiswe wucwaningomabhuku lwangaphakathi zabikwa ku-Cluster Audit & Risk Committees futhi izindaba seziphakanyiswe noNgqongqoshe abehlukene njenge ngxenye yokubika kwekota kukaNgqongqoshe.

Uhlaka lokuLawulwa kobuNgozi lwethulwa kuyo yonke iminyango eyi-13, futhi isifundazwe sasungula iKomidi lesiFundazwe lokuLawulwa kweNgcuphe (Provincial Risk Monitoring Committee). Nakuba kunohlaka lwephrofayili yesifundazwe yobungozi ekhona, izinqubo ze-PRMC zidinga ukuthuthukiswa ukuze kuqinisekwe ukuthi iphrofayili iyavunywa, futhi nezinhlelo zezinyathelo zokunciphisa ubungozi ziqashwe yiKomidi. Lolu phiko luphinde lweseka yonke iminyango ngoqeqesho lokuqhubeka kokuphathwa kwebhizinisi. Ukuhlolwa kobungozi obungamashumi amabili nambili kwenziwe komasipala abahlukene kanye nokubuyekezwa kwemisebenzi yesi-6 yocwaningomabhuku lwangaphakathi.

Ukubuyekezwa kwe-IT eziNhlelweni ze-IT eziningana, izindaba zokuPhathwa kwe-IT kanye nezingozi ezihlobene nokuphepha ku-inthanethi zenziwe. I-PIAS iphinde yaqala ngocwaningomabhuku lokusebenza okuthathu kumaphrojekthi wengqalasizinda okuhlanganisa noMnyango wezeMfundo, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kanye noMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi. Lokhu kucwaningwa kwamabhuku kuyinqubekela phambili futhi kuzophothulwa ngonyaka wezimali ka-2025/2026. Iphrojekthi yokubonisana mayelana nokukhokhwa ngokweqile okuhlobene nezikweletu zabasebenzi yenziwa eMnyangweni wezeMfundo futhi isinikeze uMnyango izincomo zokuthuthukisa izinqubo eziphathelene nokuqedwa kwabasebenzi, ukubuyiswa kwezikweletu kubasebenzi abasemsebenzini nabangasebenzi kanye nokuhlanza ukusungulwa kwabasebenzi ku-PERSAL. Lokhu kube wukubuyekezwa okubucayi njengoba umnyango ulahlekelwa yimali

efika ku-R250million ngonyaka ngezikweletu zabasebenzi. Ukubuyekezwa kokulandelela kokutholwe okuxazululiwe okuhlobene nezinqubo ezihlukahlukene kanye nenani lemiphumela yocwaningomabhuku lwemali kwasetshenziswa njengengxenye yokulandelela ukuqaliswa kokusebenza kwezinhlelo zokucwaningwa kwamabhuku nezincomo. Ukubuyekezwa kokucwaningwa kwamabhuku kuye kwenziwa kuyo yonke iMinyango mayelana nokuvuthwa kokulawulwa kobungozi ukuze kuhlinzekwe isiqiniseko ngezinga lokuhambisana noHlaka lokuLawulwa kobuNgozi besiFundazwe. I-PIAS ibe ngaphansi kokuBuyekezwa kokuQinisekisa iKhwalithi yi-IIA futhi yathola isilinganiso sokuvumelana okuvamile kuyilapho izincomo zisetshenzwa ukuze kuthuthukiswe umsebenzi wenkonzo eyabiwe kanye nokuhambisana namazinga okucwaninga angaphakathi emhlabeni wonke.

Uhlaka lokulawulwa kwangaphakathi lwesifundazwe lwakhiwe futhi kwaboniswana neminyango yesifundazwe ukuze luqaliswe ngonyaka ozayo.

**KuGxilwe kuphi ngo-2025/26**

I-PIAS izoqhubeka nokucwaningwa kwenani lemali kumaphrojekthi engqalasizinda kweminye iMinyango, kugxilwe ngokukhethekile ezinsizeni zabaxhumanisi kanye nezinsizakalo zokweseka komasipala. Ukucwaningwa kwamabhuku okuhlukahlukene kuzokwenziwa ekusetshenzisweni nasekuhambisaneni nenothi lemiyalelo yokunciphisa izindleko. Uma kubhekwa intuthuko kwezobuchwepheshe, kuzokwenziwa ukuhlolwa kwe-IT okugxile ezinhlelweni ezizenzakalelayo ezihlukene, izindaba zokuphatha kanye nezindaba ezihlobene zokuphepha ku-inthanethi.

Njengengxenye yoHlelo Lokubuyiselwa Kwezimali Zesifundazwe, uMnyango usuhlonze izinqubo ezithile zokuphatha ezidinga ukulungiswa. Lokhu kuhloswe ngakho ukuthuthukisa ukuziphendulela kanye nokwenza izinto obala; kanye nokuqinisekisa ukuthi ukusebenza kahle kanye nokukhiqiza kuyathuthukiswa. Lezi zindawo zihlanganisa ukubika nokudidiyelwa koPhiko lweProvincial Forensics Investigations Unit, ukufakwa endaweni eyodwa komsebenzi wocwaningomabhuku lwangaphakathi, ukuthuthukisa ukwengamela kwekomidi lokucwaninga amabhuku, ukusebenzisa isu lokuthuthukisa amakhono namakhono okuphathwa kwezimali, ukunciphisa ukusetshenziswa kwemali Okungagunyaziwe, okungemthetho nokumoshayo, ukuqinisa izivumelwano zokusebenza kwawo wonke amalungu athile oMnyango wezeziMali, ukuqinisa izinkomba zokusetshenziswa kwezimali

okuhlobene ne-Exco. njengeSigaba 18.2(f) se-PFMA mayelana nokubanjwa kwezimali, kanye nokuthuthukisa ukubika kwezezimali koNgqongqoshe.

**UHLELO 5: ISABELOMALI SOKUPHATHWA KWEZIMALI KOMASIPALA SINGU-R74,336 MILLION**

Lolu hlelo lwenyuke ngo-4,2% kwisabelomali ngo-2025/26.

Uhlelo 5 luhlinzeka ngokuqapha, ukwesekwa kwezobuchwepheshe kanye neziqondiso komasipala abadluliselwe amandla. Komasipala abangamashumi amahlanu nane KwaZulu-Natali, omasipala abangamashumi amathathu nesithupha bethula isabelomali esisalungiswa futhi abayishumi nesishiyagalombili bethula isabelomali esingaxhaswanga sonyaka ka-2024/25. Kodwa-ke, ngokuqhubeka nokuxoxisana nokwesekwa komasipala yi-KZN PT komasipala abathunyelwe kanye noMgcinimafa Kazwelonke komasipala abangaphathisiwe, isimo soxhaso lweSabelomali Esigunyaziwe sika-2024/25 sibe ngcono, okuholele ekutheni omasipala abangamashumi amane nesishiyagalombili bagunyaze isabelomali esixhaswe kanye nomasipala abayisithupha kuphela abagunyaze isabelomali esingaxhaswanga.

Uhlelo oluncane lwe-Municipality Accounting and Reporting lusekela futhi luqaphe omasipala ngokuphathwa kwezimali nokuhambisana ne-Generally Recognised Accounting Practice (GRAP) kanye nemithetho efanele. Ngokusekelwa uMnyango wezeziMali wesiFundazwe saKwaZulu-Natali, omasipala ababili benze ngcono ngesikhathi somzuliswano wokucwaningwa kwamabhuku wezi-2023/24 besuka embonweni wokucwaningwa kwamabhuku ongenagcobho kwatholakala okutholakele kwaya ekucwaningeni kwamabhuku “okuhlanzekile” noma njengoba kwaziwa ngokobuchwepheshe, umbono womcwaningi-mabhuku ongenagcobho ongenayo imiphumela. Labo masipala ngowaseMshwathi kanye nowaseRichmond. Ngaphezu kwalokho, uMgcinimafa wesiFundazwe saKwaZulu-Natali ukwazile ukusiza omasipala baseDumbe, Big 5 Hlabisa, KwaDukuza, Maphumulo, Johannes Phumani Phungula kanye nomasipala baseMzimkhulu ukuze bagcine ukucwaningwa kwamabhuku kuhlanzekile.

Ukwengeza ohlelweni lwe-AFS Review, uhlelo oluncane lwe-Municipal Accounting and Reporting luphinde lwaqhuba amaphrojekthi Okweseka Ukuphathwa Kwezimali komasipala abahlanu. Omasipala basekhaya baseMpofana naseJozini abesekwa nguMgcinimafa

wesiFundazwe benze ngcono imibono yabo yokucwaningwa kwamabhuku ngesikhathi somjikelezo wokucwaningwa kwamabhuku wezi-2023/24 isuka kumbono womcwaningi-mabhuku oqeqeshiwe yaya kumbono womcwaningi-mabhuku ongenagcobho kanye nokutholakele. Ukwesekwa kuphinde kwasiza omasipala abathathu okungomasipala baseMadlangeni nowasoLundi kanye noMasipala wesiFunda iHarry Gwala ukuthi bagcine bengagculisekile ngemibono yabo yocwaningomabhuku.

Uhlelo oluncane lweRevenue and Debt Management lusiza futhi luhlinzeke ngoxhaso lwezobuchwepheshe komasipala abaphathisiwe mayelana nezimali ezingenayo kanye nokulawulwa kwezikweletu ngezinhlelo ezahlukene. Kwenziwa amaphrojekthi amathathu okuphatha ukheshi koMasipala Bendawo baseMpendle, eNkandla naseMadlangeni ukusiza omasipala ngokulawula ukheshi ngokunciphisa izindleko nokulawulwa kwezikweletu. Inhloso wukuqinisekisa ukuthi ikhona imali eyanele ukuze omasipala bakwazi ukukhokhela izikweletu zabo kanye nokubuyiselwa imali yesibonelelo esinemibandela esingasetshenzisiwe. Uxhaso olunzulu lwemali engenayo kanye nokwesekwa kokulawulwa kwezikweletu kuhlinzekwe kumasipala wendawo wasoLundi ukuze kuqiniswe izinqubomgomo, izinqubo, ukulawulwa kanye namarekhodi ezezimali. Usizo luphinde lwahlinzekwa ngamakhono okudlulisela komasipala ukuze basebenzise Amathuluzi Okulawulwa Kwemali Engenayo oMgcinimafa Kazwelonke.

Ngaphezu kwalokho, lolu hlelo oluncane luqhubekile nokusiza omasipala abane abathunywe ukuthi babambe iqhaza ohlelweni lokusiza izikweletu lwakwa-Eskom okungoLundi, Endumeni, Mthonjaneni kanye neMpofana. Ngenxa yalokhu uMasipala wasoLundi wagunyazwa ukuthi usule isikweletu esingu-1/3 sesikweletu sakwa-Eskom esasimlando. Nakuba omasipala behambisana nemibandela eminingi yokukhishwa kwezikweletu, abakakwazi ukukhokha ama-akhawunti abo amanje akwa-Eskom ngokugcwele okungase kuholele ekutheni bakhishwe ohlelweni.

**Kugxilwe kuphi ngo-2025/26**

Ukuhlaziya kwenziwa uMnyango Wezezimali Kuzwelonke kanye ne-COGTA ekuhlonzeni omasipala ababhekene nezinselelo ezehlukene ngokubambisana nomnyango wami. UMnyango wenze i-Municipal Support Plan enemininingwane yokwesekwa okuzohlinzekwa komasipala abahlukene baKwaZulu-Natali, lokhu kuyingxenye yohlelo lwesifundazwe

oludidiyelwe oluqashwe yi-Komidi Lobucwaningo mabhuku Okuhlanzekile (OPCA) eholwa yi-CoGTA.

Omasipala abayisikhombisa bazokwesekwa ngokubuyekezwa Kwezitatimende Zezimali Zonyaka futhi omasipala abayisithupha bazohlinzekwa ngohlelo Lokweseka Ukuphathwa Kwezimali.

Omasipala abaningi baKwaZulu-Natali banezinkinga zemali okucasulwa isimo somnotho esikhona esivimbela imiphakathi ukukhokhela izinsiza ezihlinzekwa omasipala. Ngakho-ke uMgcinimafa WesiFundazwe uzoqhubeka nokusiza omasipala ngokweseka isabelomali kanjalo nohlelo lokuphathwa kwezimali oluzokwethulwa komasipala abayisikhombisa ngokusekelwe ekubeni khona kwezinsiza zokuthuthukisa ukuphathwa kwezimali. Omasipala abane bazokwesekwa lapho bebika kuMgcinimafa Kazwelonke ngohlelo luka-Eskom Lokukhulula Izikweletu.

Ukudluliswa kwamakhono kuyisici esibalulekile ezinhlelweni zokweseka zoMnyango Wezezimali Wesifundazwe. Izikhulu zikamasipala zizohlinzekwa ngemihlangano yokucobelelana ngolwazi nokuqeqeshwa emsebenzini ngesikhathi sokuqaliswa kwezinhlelo zokweseka. UMnyango Wezezimali WesiFundazwe uzophinde futhi wenze izithangami ze-CFO kanye/noma izinkundla zokucobelelana ngolwazi ukuze kuxoxwe ngezindaba ezibalulekile ukuze kuthuthukiswe ulwazi lomasipala kanye nokuhlala unolwazi lwakamuva ngazo zonke izici zobuchwepheshe zezezimali zikamasipala.

**ISIPHETHO**

Ngivumele, Somlomo, ukuthi ngidlulise ukubonga kwami kwiNhloko yoMnyango uCarol Coetzee, Abaphathi Abaphezulu kanye nabo bonke abasebenzi boMgcinimafa WesiFundazwe ababe nesandla ekuhlanganisweni kwale nkulumo futhi abazokwethula izibopho zami ezethulwe namuhla.

Eqenjini lami lonke enkonzweni, ngiyabonga ngesiqondiso senu, ukungeseka kanye nokukhuthaza.

Kumalungu aleNdlu, uNdunankulu, amaLungu oMkhandlu oPhethe wesiFundazwe, amaLungu esiShayamthetho, iKomidi lezezimali ngaphansi kukaMhlonishwa uDlungwane, ikhaya lami lezepolitiki - iDemocratic Alliance - ngiyabonga ngokungeseka kwenu okungantengantengi kanye nomhlahlandlela kuze kube manje.

Manje kuyilungelo lami ukwethula lesi sabelomali phambi kwakho ukuze usicabangele.

ngiyakubonga.